www.xtrapapers.com



This is the Cambridge Assessment International Education, Cambridge IGCSE in IsiZulu as a Second Language. Syllabus 0531, Paper 2 Listening, November 2020.

Instructions to candidates:

Write your centre number, candidate number and name on all the work you hand in.

Write in dark blue or black pen.

Do not use staples, paper clips, glue or correction fluid.

There are instructions about how to answer the questions above each item on the question paper. You need not write in full sentences. Dictionaries are not permitted.

Before each recorded item is played, time is allowed for reading the instructions and studying the questions. All items are heard twice. You may take notes and write your answers at any time during the test.

The number of marks is given in brackets at the end of each question or part question.

A signal is used to introduce each item.

Pause 00’10’’

***Female isiZulu voice:***

**Umsebenzi 1**

Lalela inkulumo eyethulwa nguSakhile.

Phendula imibuzo elandelayo ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini elifanele eceleni kwesitatimende ukukhombisa ukuthi yiqiniso noma akusilona.

Uzoyizwa kabili le nkulumo.

Uzonikwa ithuba lokufundisisa imibuzo kuqala.

Pause 01’00”

* Signal: bell

***Male isiZulu voice:***

Ngisakhula nganginesifiso esikhulu sokuba nebhizinisi lami lezobuchwepheshe. Ngangicabanga ukuthi lokhu kwakuzokwenzeka ngendlela engangikucabange ngayo engqondweni yami. Uma ngibuka emuva, ngiyajabula ukuthi izinto zenzeka ngendlela ezenzeka ngayo ngoba kuningi engikufundile endleleni. Isimo sasekhaya sashintsha ngokungalindelekile. Lokhu kwangenza ukuba ngingakwazi ukuqedela izifundo zami eNyuvesi.

Ngathola umsebenzi wesikhashana ukuze ngikwazi ukuphila. Kwakumele ngiwahlehlise kancane amaphupho ami enganginawo kusukela ngiseyingane okwesikhashana. Noma kunjalo, ngaqhubeka nokufunda kanye nokuthola ulwazi ngobuchwepheshe lapho ngithola ithuba.

Ngelinye ilanga ngaba nenhlanhla yokuhlangana nomuntu owangenza ngaqala ibhizinisi lami. Lo muntu wayekhuluma ngezinkinga ayebhekene nazo ebhizinisini ayekulo lokuhambisela abantu



PapaCambridge

www.xtrapapers.com



impahla. Ngathola ukuthi kwakuyinkinga eyayibhekene nabanye ozakwabo. Lokhu kwanginika isu lokuqala eyami inkampani eyayizoxazulula izinkinga zabantu abafana naye.

Ngavula elami ibhizinisi ngalibhalisa ukuze libe semthethweni. Ibhizinisi lami lakhula kakhulu ngaze ngathola imisebenzi eminingi kwezinye izinkampani. Ngasebenza kanzima ngaze ngaba nemali eyanele ukuqala inkampani yami eyakha amaselula engangikhule nginephupho lokuba nayo.

Ngesikhathi ngisanebhizinisi lokuqala ngathola amathuba amaningi okuvakashela amazwe amaningi lapho ngafunda okuningi ngendlela abasebenzisa ngayo ubuchwepheshe. Lokhu kwanginika amasu amaningi ebhizinisi lami.

Akulula kulo msebenzi ngoba imboni yezobuchwepheshe ikhula kakhulu. Kodwa kumele sizithembe futhi sisebenze ngokuzimisela. Uma uqala ibhizinisi kuyenzeka ubhekane nezinkinga. Nakumina kwakunjalo, kodwa angikuvumelanga lokho ukuba kungivimbe ekufezeni iphupho lami.

Namuhla ngiphila okwakuyiphupho lami ngoba ngasebenzisa amathuba ngokuba ngibuze abanolwazi futhi ngazimisela ukuphumelela empilweni. **

Pause 00’05’

***Female isiZulu voice:***

Uzoyizwa okwesibili le nkulumo.

Repeat from * to **
Pause 00’25”

***Female isiZulu voice:***

**Umsebenzi 2**

Lalela le ngxoxo phakathi komsakazi wezinhlelo zomsakazo kanye noSimangaliso ongumeluleki.

Phendula umbuzo ngamunye ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini eliseceleni nempendulo ocabanga ukuthi yiyona yona, u-A, B, C noma u-D.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzonikwa ithuba lokufunda imibuzo kuqala.

Pause 01’00”

* Signal: bell

***Female isiZulu voice:***

Sawubona Simangaliso! Siyabonga ukuthi ufike ukuzokhuluma nathi namuhla ngokuthenga imoto.

***Male isiZulu voice:***

Yebo sawubona msakazi. Ngiyabonga ngethuba lokuzokhuluma lapha ohlelweni lakho namuhla. Ngiyafisa ukukhuluma ngokuthenga imoto ngibhekise empilweni yami ukuze kungabi nje into ekude le engikhuluma ngayo kubalaleli emakhaya.



PapaCambridge

www.xtrapapers.com



***Female isiZulu voice:***

Kuzwakala kuwumqondo omuhle ngempela lowo futhi ngikholwa ukuthi nabalaleli bazokuthokozela lokho. Siqala kuphi uma sithenga imoto?

***Male isiZulu voice:***

Ngesikhathi sengikulungele ukuba nemoto yami yokuqala nganginalo ulwazi oluningi ngezimoto. Noma kunjalo kukhona izinto ezangisiza. Ngikhumbula ukuthi ubaba wami wangibuza ukuthi yisiphi isizathu esasingenza ngifune ukuba nemoto. Ubaba wangichazela ukuthi lokhu kwakuzokungisiza ukuze ngikhethe uhlobo lwemoto olufanele.

***Female isiZulu voice:***

Ukhuluma ngani uma ukhuluma ngohlobo lwemoto?

***Male isiZulu voice:***

Angithi phela kukhona izimoto ezisiza abantu abasebenzayo noma abathwala impahla ezifana namaveni. Kuphinde kube khona izimoto ezifanele abantu abanabantwana ezinendawo eningi yokufaka izimpahla uma bevakasha. Mina-ke ngangidinga imoto encane nje elungele umuntu osemusha nongenawo umndeni.

***Female isiZulu voice:***

Ohho, sengiyakuzwa manje. Ungaqhubeka nendaba yakho.

***Male isiZulu voice:***

Ngiyajabula uma sihambisana. Kwathi sengazi ukuthi ngidinga luphi uhlobo lwemoto ngabe sengidlulela phambili ngathola uvo lwabantu ikakhulu labo abashayela uhlobo lwemoto engangifisa ukuyithenga. Inhloso yami kwakungukugwema amaphutha enziwa ngabanye ngaphambili.

***Female isiZulu voice:***

Amaphutha afana nani nje?

***Male isiZulu voice:***

Kuningi nkosazane. Ezinye izimoto zidla uphethiloli kakhulu kanti ezinye zidulile kakhulu ukuzithathela umshwalense. Ngangifuna ukwazi ukuthi le moto engangiyithanda yona ngingalindelani kuyo. Esinye isizathu sokukhuluma nabantu abashayela imoto efanayo kwakungukuthi uma ngiya egalaji lapho zidayiswa khona kunokwenzeka ngithole uhlangothi olulodwa kuphela kulowo othengisayo ngoba yena ejahe ukuba ngithenge nje kuphela.

***Female isiZulu voice:***

Hhayi, wenza into ehlakaniphile impela ngalokhu kubuza kwakho. Ingabe wasizakala ngalokhu?

***Male isiZulu voice:***

Ngasizakala kakhulu. Ngathola izinto eziningi engangingazazi ngale moto. Mina nje ngangiyithanda ngoba ngibuka indlela eyakhiwe ngayo ngaphandle. Ngenhlanhla yami kwakuyizinto ezinhle nezangenza ngayithanda kakhulu.



PapaCambridge

www.xtrapapers.com



***Female isiZulu voice:***

Kukhona ongasitshela khona ngezimali nokunye okufana nalokho?

***Male isiZulu voice:***

Yebo, lelo bekuzoba yiphuzu lami elilandelayo. Mina ngangizothenga imoto entsha okusho ukuthi ngangizodinga ukuboleka imali ebhange. Ngaya ebhange ngaxoxisana nabo. Ebhange bangisiza ukuba ngibheke isimo sezimali zami ukuze ngikwazi ukuthi ngangingakwazi ukukhokha malimi ngenyanga. Ngafunda nokuthi uma ubala imali oyidingayo kumele ufake nemali kaphethiloli, umshwalense wemoto kanye nezinye izindleko ezihambisana nokuyinakekela ukuze uyigcine isesimweni esifanele.

***Female isiZulu voice:***

Wathinta into ebalulekile uma ukhuluma ngomshwalense. Yikuphi ongakusho ngawo?

***Male isiZulu voice:***

Kubalulekile ukuba nomshwalense wemoto. Lokhu ngakubona ngomzala wami. Umzimba wemoto yakhe walimala kakhulu ngelinye ilanga ngenxa yemvula eyayina ngamatshe. Akazange akhathazeke, wathinta abomshwalense base beyilungisa. Yabuya icwebezela kungathi yintsha sha. Ukuba nomshwalense kulindelekile noma unemoto entsha noma endala. **

***Female isiZulu voice:***

Uzophinde uyizwe okwesibili le ngxoxo.

Repeat from * to **
Pause 00’25”

***Female isiZulu voice:***

**Umsebenzi 3**

Lalela ingxoxo yomsakazi noZodwa Dlamini emayelana nempilo yakhe.

Gcwalisa amanothi alahlekile ezikhaleni ezinikiwe ngesiZulu.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzonikwa ithuba lokufundisisa kahle imibuzo.

Pause 01’00”

* Signal: Bell

***Male isiZulu voice:***

Namuhla sixoxa noZodwa. UZodwa ungowesifazane osehambe umhlaba wonke enza izinto ezimangalisayo. Usegibele izintaba eziningi nezinkulu ezifana ne-Everest ne-Kilimanjaro. Akagcini lapho, uZodwa usiza abantu abahluphekayo ngezindlela ezahlukene ngokuqoqa imali eningi ngezinto azenzayo.

Sawubona Zodwa. Sicela usixoxele ngentaba yokuqala owayikhuphuka.



PapaCambridge

www.xtrapapers.com



***Female isiZulu voice:***

Intaba yokuqala engayikhuphuka iseNepal Himalaya. Engamamitha angu 6300 ukuphakama.

***Male isiZulu voice:***

Yini eyakwenza uthande ukugibela izintaba?

***Female isiZulu voice:***

Angazi ukuthi kwasuka kanjani. Ngingathi nje yinto engakhula nginayo ukuthanda ukuba sezindaweni eziphakeme. Ngisemncane ngangijwayele ukugibela ezihlahleni nabafowethu ngesikhathi amanye amantombazane ayengabangane bami edlala phansi. Kwakuthi noma ubaba egibela esitebhisini, ukuze asuse amahlamvu phezu kwendlu, nami ngitholakale sengiphezulu ophahleni lwendlu. Lokhu kwakumenza umama ahlalele ovalweni.

***Male isiZulu voice:***

Yini enye oyenzayo ngaphandle kokugibela izintaba?

***Female isiZulu voice:***

Khona kuningi engikwenzayo. Okunye kwakho ukubizwa yizinkampani ezinkulu ukuba ngizokhuluma nabasebenzi ukuze ngibakhuthaze. Kokunye ngisiza izinkampani ezisafufusa ngokucabanga ngezindlela ezingazikhulisa ngazo. Kwesinye isikhathi ngihlela imicimbi lapho ngimema abantu kanye nezinkampani ukuze ngicele ukuba kunikelelwe abantu abahluphekayo.

***Male isiZulu voice:***

Usithathaphi isikhathi sakho konke lokhu?

***Female isiZulu voice:***

Isikhathi siyangihlupha kokunye. Kuyenzeka ngibizwe ezindaweni eziqhelelene ngesikhathi esifanayo. Lokhu kwenza impilo yami ibe nzima ngoba ngisuke ngingazi ukuba ngivume siphi isimemo kulezo zombili. Okunye okuyinselelo ukuythi anginaye umsizi. Ngiyathanda ukuba abantu bakwazi ukuzikhulumela nami uqobo. Ngiyasibona sona isidingo sokuba nehhovisi kanye nomsizi.

***Male isiZulu voice:***

Abakuphi laba bantu abahluphekayo obafunela imali?

***Female isiZulu voice:***

Azikho izindawo engizikhethayo. Yonke indawo lapho ngihamba khona ngivamile ukubona abantu abadinga usizo. Kuyaye kuthi lapho ngimenywe khona ngibacele ukuthi ingxenye yenkokhelo yami ithathwe ukuyosiza abantu abampofu. Lokhu kuvame ukuba kubathinte osomabhizinisi abaningi kuholele ekutheni nabo bafune ukutshala izimali ezikhungweni ezisiza labo abasweleyo.

***Male isiZulu voice:***

Lusukaphi uthando lokusiza abantu abahluphekayo?



PapaCambridge

www.xtrapapers.com



***Female isiZulu voice:***

Ngisafunda esikoleni samabanga aphansi ngathola umfundaze owakhokhela izifundo zami kwaze kwaba senyuvesi. Angikaze ngimbone lo muntu owangikhokhela ngoba wacela ukuthi igama lakhe lihlale liyimfihlo. Engakuthola ukuthi wayevame ukuhamba etshala imali ezikoleni ezosiza abantwana ukuba bafunde. Lokhu kwangenza ukuba nami ngithathe isinqumo sokuthi yinoma yikuphi lapho ngihamba khona ngizosiza labo abanokuncane kunami.

***Male isiZulu voice:***

Impilo yakho isinika inselelo. Sihlale sifunda ngazo zonke izinto ozenzayo uzenzela abantu ongabazi nokubazi. Siyabonga ngesikhathi sakho namuhla. Sizwile ukuthi kunomjaho owungenelile wamabhayisekili. Sikufisela impumelelo kulokho.

***Female isiZulu voice:***

Ngiyabonga kakhulu ngezilokotho ezinhle nokungimema lapha namuhla. **

Uzophinde uyizwe okwesibili le ngxoxo.

Repeat from * to **
Pause 00’25”

***Female isiZulu voice:***

**Umsebenzi 4**

Lalela ingxoxo ephakathi kukaNkosikazi Sindisiwe Mnguni exoxa noMthuthuzeli ongumsebenzi wasesiqiwini saseHluhluwe, bese uphendula imibuzo ezolandela ngezansi ngesiZulu.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzothola ithuba lokufunda imibuzo kuqala.

Pause 01’30”
*Signal: bell

***Female isiZulu voice:***

Ingabe wakhulela ehlathini lase-Afrika?

***Male isiZulu voice:***

Cha. Ngakhulela eKapa kodwa ubaba wami wayethanda ukusihambisa eziqiwini e-Botswana, e-Kalahari nase-Kruger National Park.

***Female isiZulu voice:***

Yini eyenza wanquma ukuba usebenze esiqiwini?

***Male isiZulu voice:***

Ngemva kokuhamba amaholidi amaningi ehlathini naseziqiwini futhi ngingakujabuleli ukubuyela ezweni langempela nganquma ukuthi ngifuna ukuhlala esiqiwini.



PapaCambridge

www.xtrapapers.com



***Female isiZulu voice:***

Yiliphi ithalente onalo elikusizayo ekwenzeni umsebenzi wakho kahle?

***Male isiZulu voice:***

Ngokubona kwami ukuba ngumuntu okwaziyo ukuxoxa nabantu futhi nokwazi ukuphatha kahle abantu kwenza amakhasimende angithande kakhulu! Ekhaya bangifundisa ukuthi ukuba nobuntu kuzokuyisa kude empilweni. Lona akuwona umsebenzi wabantu abanamahloni. Ngichitha amahora angu-16 ngosuku nezivakashi nabasebenzi. Ngakho kumele ngihlale ngixoxa nabo ngaso sonke lesi sikhathi.

***Female isiZulu voice:***

Usuwenze isikhathi esingakanani lo msebenzi?

***Male isiZulu voice:***

Sengibe kulo msebenzi iminyaka engu-6 manje futhi, ngingasho ukuthi iyedlula yonke iminyaka esengike ngayiphila emhlabeni ngobumnandi.

***Female isiZulu voice:***

Ungasichazela ngokufingqiwe ngosuku lwakho?

***Male isiZulu voice:***

Usuku lwami luba lude ngempela. Ngivamile ukulala amahora amabili uma sinezivakashi. Ngivuka ekuseni kakhulu ukuze ngihambise abavakashi bethu bayobona izilwane esiqiwini lingakaphumi ilanga. Emini ngisihamba sonke isiqiwu ukuze ngibheke ukuthi yonke into ihamba kahle. Kumele ngihlole ukuthi izilwane zinjani. Uma kukhona ezilimele noma ezidinga ukunakekelwa ngiba yingxenye yabazohamba nodokotela lapho beyozinakekela. Kuyaba khona futhi isikhathi sokuhambisa abavakashi ntambama lingakashoni ilanga. Ngiba ngowokugcina olalayo.

***Female isiZulu voice:***

Yibuphi ubuhle nobubi ngomsebenzi wakho?

***Male isiZulu voice:***

Kuningi okuhle ngomsebenzi engiwenzayo. Ngisebenza ezindaweni ezinhle ngendlela emangalisayo. Ihhovisi lami yimvelo yase-Afrika. Ngihlala ngizungezwe yizimangaliso zemvelo. Engikuthandayo ukuthi ngithola ithuba lokuhlangana nabantu abahlukene abavela emazweni ahlukene. Usuku ngalunye luhlukile futhi ngifunda okuthile okusha njalo.

Okuyinselelo kulo msebenzi ukuthi usebenza amahora amaningi futhi kukhona izikhathi lapho abavakashi bengafiki. Lokhu kukwenza ube nesizungu esikhulu sokubona abantu.

***Female isiZulu voice:***

Kufanele ukuthi niyahlangana nezimo ezisabisayo noma ezinobungozi kulo msebenzi. Sikhona mhlawumbe isimo osikhumbulayo ongaxoxa ngaso esinjalo?

***Male isiZulu voice:***

Isimo esasisabisa kakhulu engingasoze ngasikhohlwa senzeka ngelinye ilanga lapho esasihamba silandela ubhejane owawulimele ukuze siwusize. Ilanga lase liyoshona sekuqala ukuba mnyama.



PapaCambridge

www.xtrapapers.com



Ngathi ngiphakamisa amehlo ngabona ingwe ilele phansi kwesihlahla. Kwakumele sishintshe indlela esasihamba ngayo ngokukhulu ukuqaphela. Ngibonga ukuthi asiyiphazamisanga le ngwe ngoba sasingeke sikwazi ukumelana nayo.

***Female isiZulu voice:***

Yisiphi isikhathi sosuku osithandayo esiqiwini?

***Male isiZulu voice:***

Umbuzo olukhuni lowo. Uma kungamele ngikhethe isikhathi esisodwa ngingakhetha isikhathi santambama. Uma ngithola ithuba ngivamile ukushayela ngiye endaweni ethile lapho ngibuka khona ukushona kwelanga futhi, ngilalele nemisindo eyahlukene yasehlathini.

***Female isiZulu voice:***

Ngiyabonga Mthuthuzeli kakhulu ngethuba ongiphe lona. Impilo kanye nomsebenzi wakho lapho kuyamangaza kakhulu. **

Uzophinde uyizwe okwesibili le ngxoxo.

Repeat from * to **
Pause 00’25”

© UCLES 2020


PapaCambridge

